ISIZULU

UMHLAHLANDELA WABANTU

# #RSABUDGET2026

Ushichilelo oluhlanganyelwe phakathi koMgcinimafa kaZwelonke kanye noPhiko lwezeNtela lwaseNingizimu Afrika

#RSA Budget | #RSABudget2026


UKHISHWE NGU

national treasury
Department:
National Treasury
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: (012) 315 5100
Media@treasury.gov.za
www.treasury.gov.za


**ULWAZI**

**SIYINI ISABELOMALI?**

Ngaphambi kokuqala kwanoma yimuphi unyaka wezimali, uNgqongqoshe Wezezimali uveza isabelomali sikazwelonke lapho azisa ukusetshenziswa kwezimali zikahulumeni, yintela kanye nesu lokuboleka lweminyaka emithathu ezolandela. Isabelomali sikazwelonke sehlukanisa imali phakathi kweminyango kazwelonke, eyezifundazwe kanye nomasipala

**SIHLANGANISWA KANJANI NDAWONYE ISABELOMALI?**

1. Umhlahlandlela weminyango okhombisa imininingwane yesabelomali edingekayo uyakhishwa.
2. Iminyango ibeka eqhulwini izinhlelo zayo bese ihlanganisa isu lokuzikhokhela nanye nokuzinikela ekuhlinzekeni ngezidingo.
3. Iziphakamiso zesabelomali zihanjiswa kuMgcinimafa ukuze kuxoxiswane.
4. Iziphakamiso zokwabiwa zinqunywe amakomidi eminyango edidiyelwe yabaQondisi-Jikelele.
5. Izincomo zesabelomali ekomidini longqongqoshe'
6. Isiatimende esiyinqubomgomo sesabelomali saphakathi nonyaka silinganisa isabelomali esilandelayo.
7. Ukwabiwa okuwuwujuqu kwenziwa yisigungu sesishayamthetho.
8. Imiqulu yesabelomali iyalungiswa.
9. Isabelomali esikhulu siyavezwa.
10. Iphalamende liyaxoxisana bese liyasamukela.
11. Isabelomali sithunye kuMengameli ukuze asisayine sibe semthethweni.



# UKWENZA IZINQUMO EZINZIMA EZIMBALWA KULETHA IMIPHUMELA EMIHLE KWEZOMNOTHO

**Isabelomali sowezi-2026 sikhombisa ukuthi izinqumo zezezimali ezenziwe nguhulumeni eminyakeni emibalwa eyedlule seziyaqala ukuletha imiphumela emihle. Nangale kwesimo somnotho esinzima emhlabeni wonke, umnotho usaqinile, ukhombisa ukukhula kancane ,kanye nokusheshisa amathuba okutshalwa kwezimali.**

Uhulumeni ubehlezi ezinikele ekubuyiseleni isimo sezimali kwesikahle. Isikweletu sikaHulumeni silindelekile njengengxenye yomphumela womnotho ukuze kufinyelelwe esicongweni enyakeni wezimali esikuwo, kanti futhi ungehla eminyakeni embalwa ezayo. Lesi yisikhathi esibalulekile sokuguquka, njengoba isikweletu sehla. Ngakho ke izinsiza zezindleko zesikweletu, kubandakanya nokulungiswa kwezezimali, kulandela isinqumo sokwehliswa kwamandla emali okuhlosiwe ngamaphesenti ama-3, kuyosiza abatshalizimali abazimele nokudala amathuba emisebenzi.

Eminyakeni emithathu ezayo, uhulumeni useqinise inqubomgomo yezimali ngokwehlulela komnotho kwesabelomali okuyinhloko. Ngokukhula okuqhubekayo kwemali eyinsalela, eminyakeni ezolandela,isikweletu sizoba sendaweni esimeme. Njengoba uhulumeni esalindele ukuhlangabezana nemigomo yakhe yezimali esikhathini esiphakathi nonyaka, ukwenyuka kwentela ngama-R20 ezigidigidi okumenyezelwe kwisabelomali sowezi-2026 kuhoxiswe.

Umnotho ulinganiselwa ukuthi ukhule ngamaphesenti ayi-14 ngowe-2025, usuka kumaphesenti ayi-0.5 ngowezi-2024. Ngokukhula komnotho okuqhubekayo kulandelana kumakota amane, kunethemba elikhulu ngamathuba okukhula okulindelekile. Ezamandla ezanele, ezokuthutha ezilungisiwe, ukuqiniswa kwezimali zikahulumeni kanye nezindleko zokuboleka ezinciphile, konke kungaba nesandla ekubukekeni kwezomnotho okugqamile.

Nakuba umnotho usaqinile, iNingizimu Afrika kusadingeka ibheke kubashayeli basekhaya ukuqinisa umnotho. Ukulungisa lokhu, uhulumeni ubheke ezinkampanini ezilawulwa wuhulumeni kanye nasekusebenzeni kangcono komasipala. Ukungabibikho kwemisebenzi okusezingeni eliphezulu kuseyinselelo enkulu kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika, kanye nezinyathelo ezithathwe wuhulumeni kwiSabelomali sowezi- 2026, kuyosiza ukuqala kokudaleka kwamathuba emisebenzi. Umlayezo osuka kwiSabelomali sowezi-2026 ucacile: Isisekelo siyaqina. Ngokunamathela ohlelweni olunomthwalo wemfanelo, uHulumeni wenza umnotho uqine kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika.

# UKUNCIPHISA IZINDLEKO ZOKUBOLEKWA KWEMALI NGUHULUMENI




**Uma ukusebenzisa imali kwedlula imali engenayo, uhulumeni ungena esikweletwini bese eboleka . Imali eyinzalo yesikweletu sikahulumeni ikhula ngokushesha ukunomnotho futhi lokho kuhlephula ingxenye enkulu yesabelomali ukunezemfundo eyisisekelo, ezempilo kanye nokuvikelwa kwenhlalo.**

Uhulumeni uthathe izinyathelo zokuguqula lokhu nokuqinisekisa ukuthi isikweletu singaphansi kolawulo. Isikweletu njengengxenye yomkhiqizo wezomnotho sizofinyelela phezulu kulo nyaka bese futhi siyaqala ukuncipha. Ukushoda okukhulu kwesabelomali ngama-R12.4 ezigidigidi, okungaphansi kokubikiwe ngesikhathi sesabelomali sowezi- 2025, okudaleke ngenxa yemiphumela yezizimali eziqinile ezinyangeni zokuqala eziyi-10 kowezi-2025/26.

Kungokokuqala eminyakeni eyishumi, izindleko zokukhokhela isikweletu zizokwenyuka kancane ukunezindleko eziphelele. Eminyakeni emithathu ezayo, ukukhokhelwa kwesikweletu nenzalo yaso kulindeleke kube ngama-R21 ezigidigidi , okungaphansi kwesilinganiso seSitatimende seNqubomgomo yeSabelomali kwaPhakathi noNyaka kowezi-2025. (MTBPS)

Uhulumeni ubheka izindlela zokugwema ukuphinde kukhule ngokushesha kwesikweletu okwenzeka kusuka ngonyaka wezi-2009 futhi uzophakamisa izinguquko emthethweni ukuze lokhu kwenzeke. Ngokuya komnotho waseNingizimu Afrika uba ngcono futhi namanani ezimpahla enyuka kancane, ukubukeka kwezwe kuba ngcono, kuziveza njengokwenza kangcono kwezezikweletu futhi kunciphisa nezindleko zokuboleka. Kuvumela uhulumeni ukuba nesikhala sezimali ,ukuqhubeka nokuhlinzeka ngezinsizakalo zenhlalakahle ezifana nezempilo, ezemfundo, amanzi, izindawo zokuhlala kanye namanye amalungelo ezenhlalo nezomnotho, okuhambisana noMthethosisekelo. Ngaphandle kozinzo noma kwamazinga okwehlisa isikweletu, izindleko zokukhokela iskweletu kuzoqhubeka kudle ingxenye enkulu yezinsiza ezikhona, ithikameze ukutshalwa kwezimali, amandla okukhiqiza kanye namazinga okuphila.

## OKUGQANYISWE YISABELOMALI SOWEZI-2026

1. Inani lezinsiza zomphakathi – lokhu kuhlanganisa ukusebenzisa imali kwezemfundo, ukuththukiswa kwamakhono kanye nemisenenzi yomphakathi,ukuhlinzekwa ngezindlu, ezokuthutha zomphakathi nezinkonzo eziyisisekelo zamahhala, kanye nokunakekelwa kwezempilo – kuyokwenza isilinganiso samaphesenti angama-60 okusebenzisa imali okungenanzalo esikhathini esimaphakathi.
2. Ukuththukiswa komnotho umsebenzi ohamba ngokushesha ngesilinganiso sonyaka esingamaphesenti ayi-5.8 okuholwa ukufakwa kwezingqalasizinda okuphezulu
3. Ngowezi-2025/26, isikweletu sikahulumeni sizoma kuma phesenti angama-78.8 eGDP.
4. Ukukhuphuka okuyikhona kweGDP ngephesenti eli- 1.6 okulinganisiwe kowezi-2026, kuzokhula ngama-2 phesenti kowezi-2028.
5. R4.1 oyizigidigidi wabelwe uHlelo lokuKhuthaza Imisebenzi lukaMongameli kowezi-2026/27
6. Ukwenyuka ngama-R20 ayizigidigidi kwentela okuke kwavezwa phambilini kwisabelomali sowezi-2026 kuhoxisiwe. →

## IZINGUQUKO ZOKWENZA IZIFUNDAZWE NOMASIPALA ZISEBENZE KANGCONO



**Isabelomali sowezi-2026 sazisa ngezinguquko ezibalulekile ukwenza ngcono ukusebenza nokuphathwa kwezimali ezifundazweni kanye nakomasipala. Inhloso wukuqinisekisa ukuthi izimali zisetshenziswa ngendlela ukuhlinzeka ngezidingo emiphakathini**

Omasipala abaningi badonsa kanzima ,imali ayihlezi ifinyelela kwimisebenzi eyenziwayo. Ukulungisa lokhu, uhulumeni uyangenelela mathupha. Amaphesenti angama-63 (162) omasipala abadonsa nzima kwezezimali kanti futhi nezifundazwe eziningi ziyehluleka ukulinganisa izindleko zenkokhelo nemisebenzi yokuhlinzeka ngezidingo. Uhulumeni kaZwelonke uyasuka manje ekwengameleni, useyozibambela yena mathupha.

Ezingeni likamasipala lokhu kushintsha kubandakanya ukuguqula imithetho nezinhlelo zokuphatha. Ezifundazweni, uhulumeni usebenzisa isiyalo esiqinile ekuqasheni nasekukhokhweni kwamaholo. Lezi zinyathelo zibandakanya ukuqoqela ndawonye imisebenzi yabaphathi bezabasebenzi kahulumeni, ukuphathwa kwamaholo nohlelo lwezokuphatha, ukuqinisekiswa kwemininingwane yomsebenzi ngokohlelo lokuhlonza nokuzodinga amahhovisi abagcinimafa bezifundazwe, kanye nawondunankulu avumele ukugcwaliswa kwezikhala zayo yonke imisebenzi ngokubheka kuqala uhlelo lokuqasha oluqinisekisiwe, kanye nemali yokukhokha ekhona. Ngokuhlanganyela, lezi zinguquko zizosiza uhlelo lokuyalela oluphumelelayo kanye nokusebenza okuqhutshwa wuhlelo lukahulumeni ukuhlinzeka ngemisebenzi engcono.



## UKUSUSA IZITHIYO EKUDALWENI KWEMISEBENZI NOKUKHULA KWEZOMNOTHO

**Ukukhula ngesivinini nesidingo somsebenzi oncike kugesi, ukusebenza kahle kwemizila yezitimela namachweba kanye nokuhlinzekwa kwamanzi okunozinzo. Izishicilelo zesabelomali sakamuva ziqqamise inqubekelaphambili ezinguqukweni kwezamandla nezokuthutha kanye nokuphinda kugxilwe ekuvikelweni kwamanzi nokuhlinzekwa kwezingqalasizinda. Ukucinywa kukagesi ngenhloso yokuwulawula akusekho ,ukusebenza kwemizila yezitimela ezithutha impahla kanye namachweba kuqinisiwe.**

Ukukhula keNingizimu Afrika kuphinde kuncike ekuvulweni kwemizila yezitimela ezithtutha impahla kanye namachweba.

Ukuvikeleka kwamanzi kulukhuphulile uhlelo lwezinguquko. Kunesidingo sokugcinwa nokulungiswa kwezinqgalasizinda zamanzi, ukwenza ngcono ekuphathweni kwamabhodi ezamanzi, kanye nokukhulisa ukusawahlinzeka

## 1 IMITHOMBO YEMALI KAHULUMENI ENGENAYO KOWEZI-2026/27

| | | |
|---|---|---|
| R 2 160.3bn | 80.9% | INTELA |
| R 324.3bn | 12.2% | UKUBOLEKA |
| R 185.1bn | 6.9% | IMALI KAHULUMENI ENGENAYO ENGAVELI ENTELENI |

## 2 UKUSETSHENZISWA KWEMALI NGUHULUMENI KOWEZI-2026/27

| | | |
|---|---|---|
| R 446.6bn | 16.7% | UKUTHUTHUKISWA KWEZENHLALAKAHLE |
| R 432.4bn | 16.2% | IZINDLEKO ZOKUKHOKHA ISIKWELETU |
| R 358.6bn | 13.4% | IMFUNDO EYISISEKELO |
| R 294.3bn | 11.0% | UKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI |
| R 310.4bn | 11.6% | EZEMPILO |
| R 283.9bn | 10.6% | UKUTHUTHUKISWA KOMNOTO |
| R 274.6bn | 10.3% | UKUTHULA NOKUPHEPHA |
| R 155.8bn | 5.8% | IMFUNDO NOKUQEQESHWA KWANGEMUVA KWESIKOLE |

## 3 IZIBONELELO ZIKAHULUMENI

| | 2025/26 | 2026/27 |
|---|---|---|
| ISIBONELELO SIKAHULUMENI SABADALA | R2 315 | R2 400 |
| ISIBONELELO SOMAKADEBONA BEZEMPI | R2 335 | R2 420 |
| ISIBONELELO SABAKHUBAZEKILE | R2 315 | R2 400 |
| ISIBONELELO SEZINGANE EZINGENABAZALI | R1 250 | R1 295 |
| ISIBONELELO SABANAKEKELI BEZINGANE EZIKHUBAZEKILE | R2 315 | R2 400 |
| ISIBONELELO SABANTWANA | R560 | R580 |
| INHLANGABEZOZINDLEKO EYENGEZIWE | R560 | R580 |

**18 Izigidi**

Abantu abayizigidi eziyi-18 bazothola izibonelelo ngoNdasa/Mashi kowezi-2029

*Isabelomali sizokhuphula amanani ezibonelelo ezihlala njalo ngaphezu kokwehla kwamandla emali.*

## 4 ISABELOMALI SESEKA UKUKHULA KOMNOTHO, UKUDALEKA KWEMISEBENZI KANYE NOKUTHUTHUKISA EZENHLALAKAHLE

**1.6 phesenti**

Ukukhula kweGDP okuyikho okulindelekile ngo 2026.

**60 phesenti**

kahulumeni eya ekuthuthukisweni kwemiphakathini,imisebenzi, ezempilo, ezemfundo nokuvikelwa kwenhlalo esikhathini esimaphakathi.

**R4.1 wezigidigidi**

Imali eyengeziwe wabelwe uHlelo Lokuvuselela Imisebenzi lukaMongameli.

**R930 wezigidigidi**

Wabelwe imisebenzi eyisisekelo, ezezindlu kanye nezokuthutha zomphakathi, nezokuguqulwa kwezindawo , nokuthtukiswa kwezindawo ezisemadolobheni eminyakeni emithathu ezayo

**R893 wezigidigidi**


Ukwakhiwa kwamabhizinisi amancane, nezinhlelo zikahulumeni zokudala amathuba emisebenzi eminyakeni emithathu ezayo ukukhuthaza ukukhula komnotho nokuqasha

## 5 UHLELO LUKAHULUMENI LOKUXHASA ABAFUNDI NGEMALI

**R54.3 wezigidigidi**

R54.3 wezigidigidi uzosetshenziswa wuHlelo lokuXhasa Abafundi Ngemali kowezi-2026/27

## 6 IZINDLEKO ZOKUKHOKHA ISIKWELETU NJENGEPHESENTI LOKUNGENISA IMALI



# IZIPHAKAMISO ZENTELA KOWEZI-2026

SARS
At Your Service

**INTELA YEMALI ENGENAYO KUMUNTU**

## ZIKUTHINTA KANJANI IZILINGANISO ZENTELA YEMALI ENGENAYO KUMUNTU?

Amazinga entela yemali engenayo kumuntu nezaphulelo kulungisiwe ngokomthelela wokwehla kwemali. Inani elingatholwa yinoma wubani ngaphambi kokuba kudingeke ekhokhe imali yabakhokhi bentela kusukela lu-1 kuNdasa/Mashi kowezi-2026 kuya zingama-28 kuNholanja kowezi-2027 yilena elandelayo:

| UMBHUNDU WENTELA | UNYAKA WENTELA: 2026/2027 |
|---|---|
| Ngaphansi kweminyak engama-65 | R99 000 |
| Iminyaka engama-65 kuya kwengama-75 | R153 250 |
| Iminyaka engama-75 nangaphezulu | R171 300 |

Izaphulelo zentela kumuntu ngamunye yile ezilandelayo:

| IZAPHULELO NTELA | UNYAKA WENTELA: 2026/27 |
|---|---|
| Okokuqala (Wonke umuntu) | R17 820 |
| Okwesibili (iminyaka engama-65 nangaphezulu) | R9 765 |
| Okuphezulu (Iminyaka engama-75 nangaphezulu) | R3 249 |

**INTELA YEZEMPILO**

## UKUKHUPHUKA KWENTELA YOTSHWALA NOGWAYI

Ukunyuka kwentela ekhethekile yeziphuzo ezinotshwala nemikhiqizo kagwayi ngamaphesenti ama-3.4 kusukela mhla zingama-25 kuNhlolanja kowezi-2026

| | KUNYUKA NGO: |
|---|---|
| Imithombo | ngama-8c ngekani elingama-340ml |
| Iwayini elingaqinisiwe | ngama-15c ngebhodlela elingama- 750ml |
| Iwayini eliqinisiwe | ngama-26c ngebhodlela elingamaama- 750ml |
| Iwayini elikhazimulayo | ngama-49c ngebhodla elingama-750ml |
| Ama-Cider kanye notshwala obakhiwe ngezithelo | ngama-8c ngekani elingama-340ml |
| Ugologo | ngama-R3.20 ngebhodlela elingama-750ml |
| Usikilidi | ngama-77c ngephakethe le-20 |
| Izinti zogwayi ezishisayo | ngama-58c ngephakethe le-20 |
| Ugwayi owusikilidi | ngama-87c nge-50g |
| Inqawe | ngama-28c nge-25g |
| Ugwayi wemigqakhwe | ngama-R4.56 nge-23g |
| Isixazululo se-nocotine nese-non-nicotine semishini kagesi yokufutha | ngama-11c nge-ml |




**AMANANI ENTELA**

### INTELA YEMALI ENGENAYO: UMUNTU NGAMUNYE

Intela ekhokhiswa abantu ngabanye enyakeni wentela ophela phakathi komhla lu-1kuMashi kowezi-2026 nangomhla zingama-28 kuNhlolanja wezi-2027.

| Imali ekhokhelwa Intela (R) | Isilinganiso seNtela (R) |
|---|---|
| R0 - R245 100 | Ama-18% engeniso ekhokhelwa intela |
| R245 101 - R383 100 | R44 118+ ama-26% engeniso ekhokhelwa intela ngaphezu kwama-R245 100 |
| R383 101 - R530 200 | R79 998 + ama-31% engeniso ekhokhelwa intela ngaphezu kwama-R383 100 |
| R530 201 - R695 800 | R125 599 + ama-36% engeniso ekhokhelwa intela ngaphezu kwama - R530 200 |
| R695 801 - R887 000 | R185 215 + ama-39% engeniso ekhokhelwa intela ngaphezu kwama- R695 800 |
| R887 001 - R1 878 600 | R259 783 + ama-41% wengeniso ekhokhelwa intela ngaphezu kwama-R887 000 |
| R1 878 601 nangaphezulu | R666 339+ nama-45% engeniso ekhokhelwa intela ngaphezu kwe-R1 878 600 |

*Umthombo: Umgcinimafa kaZwelonke*

### IMINGCELE YENTELA

Eminye imingcele yentela ilungisiwe kusukela mhlaka lu-1 kuMashi kowezi-2026

| | Umkhawulo odlule | Umkhawulo olungisiwe |
|---|---|---|
| Imali efakwa minyaka yonke ekutshwalweni okungakhokhelwa ntela | R36 000 | R46 000 |
| Isaphulelo saminyaka yonke semithelelo yesikhwama sempesheni | R350 000 | R430 000 |
| Ukukhishwa kenzuzo noma ukulahlekelwa kwemali okungaphezulu | R40 000 | R50 000 |
| Incazelo yokukhishwa kwenzuzo noma ukulahlekelwa yimali lapho umuntu eseshonile | R300 000 | R440 000 |
| Ukukhishwa kwenzuzo noma ukulahlekelwa kwemali enkulu ekuthengisweni kwendawo ohlala kuyo njengendlunkulu | R2 000 000 | R3 000 000 |
| Intela yenzuzo yebhizinisi elincane kakhulu | R1 000 000 | R2 300 000 |
| Umkhawulo obophelelayo wokubhalisela i-VAT * | R1 000 000 | R2 300 000 |

*Ushintsho emkhawulweni wokubhalisela i-VAT luzoqala ukusebenza ngomhlaka-1 ngomhla lu-1 kuMbasa wezi- 2026.

*Umthombo: Umgcinimafa kaZwelonke*

Scan this QR code for the PDF version of this People's Guide to the Budget.

**UMBONO WAKHO UBALULUKILE**

**NGABE LO MHLAHLANDLELA WABANTU WESABELOMALI USITHOLE SIWISIZO?**
Sihlale sifuna izindlela ezintsha zokuthuthukisa lo mhlahlandlela futhi singakuthokozela uma ungathumela umbono neziphakamiso ku **Media@treasury.gov.za**